Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.

   ISIQEPHU A: Inkondlo (10)
   ISIQEPHU B: Inoveli (25)

3. Phendula umbuzo OWODWA kwisiqephu A phakathi kombuzo OMUDE (Umbuzo 1) nombuzo OMFUSHANE (Umbuzo 2).

4. Phendula yonke imibuzo ebuziwe kwisiqephu B (Umbuzo 3 nombuzo 4).

5. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe ephepheni lemibuzo.

6. Qalisa isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA.

7. Phendula usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

8. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A** (Khetha umbuzo OWODWA kulesi siqephu.) **UMBUZO**

**1 (UMBUZO OMUDE)**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**Kuyoze Kube Nini?**

1. Kuthiwa asiphume ngothi lwethu,
2. Siqond'emithonjeni yakwaNomfundo,
3. Nangempela senze njengemiyalelo,
4. Sivule izingqondo ezivundile
5. Abahlwanyeli bahlwanyele
6. Sinisele okusagqunywe isibeletho somhlabathi,
7. Kuqhume kuthi vembu ngempilokazi,
8. Kubika lona ikusasa eliqhakazile,
9. Njengezimbali ezinhle zeminsinsi eqhakazile.

10. Yithi labaya sidla umhlanganiso,
11. Siwudle kukikize omame,
12. Siwudle kuhhomuzele amadoda,
13. Achobozele njengomakoti ezogana,
14. Ahline ngezinhlungu esingazazi.

15. Singene kwamakhulu amabhilidi,
16. Sifakwa ukuqhakaza kwezingqondo zethu,
17. Singene sichwashazele ngezinemicondo,
18. Ezingqondweni sikhaliphe njengameva,
19. Sifice kukhonya zona izinkunzi zakhona,
20. Zisibuke ziconse amathe angapheli,
21. Ngamehlo zisithi njo zingacwayizi,
22. Zisibuka njengamabhubesi adlal'indlala,
23. Zithi kithi impela sifanelwe
24. Ukuhlomula ngamathuba okuqasheka,
25. Singene kwezenkece engabaleki,
26. Kodwa sifanelwe ukuqala kuzo,
27. Ngoba sifanelwe yizona kuqala.

T. Qwabe

Omunye wemiyalezo etholakala kule nkondlo uthi kwesinye isikhathi kuyenzeka usebenze kanzima iminyaka kepha uma sekumele uhlomule uthole obungakulindele.

Fakazela lesi sitatimende ubhekise **ekukhethweni kwamagama, isigqi kanye nomoya** wenkondlo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ebhaleke kahle enamagama angama-190 kuya kwamanga-240. [10]

**NOMA**

**UMBUZO 2**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ngijulise Nkosi**

1. Uyimpica-badala yebuya siziba!
2. Kuya ngokuya okwakh'ukujula,
3. Kuya ngokuya okwakh'ukudepha;
4. Uth'uyothubeleza phansi emathunjini'omhlaba
5. Ub'usuphendul'umzizima wezulu wayisicoco.
6. Sekuphuthazana uhlaza nohlaza:
7. Uyadela, Siziba, ngokudeph'okujulile.

8. Ngiyakwesab'ukuzotha kwakho Nzothela;
9. Ukuzoth'okwehlul'impi yamazimu,
10. Ikhephuzelis'unwele lwakho kuphela,
11. Wena wabon'isihluthu setshitshi lomlungu,
12. Ngilibone libhushuzela liza kuwe,
13. Lithi ligone ulifihlel'abakwaLanga.
14. Sizib'uyadela ngokuzoth'okujulile.

15. Kwesakh'isibaya kuyeqana kuyaphithizela, 16. Okungenamilenze nandleb'okungenampondo;
17. Okupheshezay'okupulukutshelayo.
18. Ziyin'izinkulungwane zemihlambi yakwaMhlaba,
19. Kulezo zigidi zawochibidolo bakho Manzi
20. Ongasho ngaz'ukuthi: "Zulu, ngibukeni!"?
21. Uyadela, Siziba, ngokufuyel'ekujuleni.

22. Izindwendwe zamabutho akwaManzini,
23. Ziphulukundlela ngemihosha nemihoshana
24. Zizoviva kucengece wesigcawu sakho, Manzi;
25. Phinde kodwa wen'ukuqhosha, phind'ukukhukhumala.
26. Izindedama zakwaMhlaba nxa zibik' indlala,
27. Uzondl'uziphuzis'amanzi ngomnyelela; 28. Nxa seziyobonga KwaZulu kawukhwelezi.

29. Ngijulise nami, Nkosi:

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.4 Qhathanisa isizura etholakala emgqeni wama-25 naleyo etholakala kowama-29. (2)

2.5 Phawula ngomoya otholakala emgqeni wama-26 kuya kowama-28. (2)

2.6 Omunye wemiyalezo oqukethwe yile nkondlo ukubeka ngokusobala ukuthi impilo ingama nse ngaphandle kwalesi siziba. Vumelana noma uphikisane nalesi sitatimende usekele ngezibonelo ezihlabahlosile. (2)

[10]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [10]**

**ISIQEPHU B: INOVELI-ZIHLANGENE PHEZULU** (Phendula YONKE imibuzo ekulesi siqephu).

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMUDE)**

Akukho qili lazikhotha emhlane. Fakazela lesi sitatimende ubhekise kubo bonke abalingiswa abathintekayo enovelini esihloko sithi: Zihlangene Phezulu.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ebhaleke kahle engubude obungamagama angama-290 kuya kwangama-340. [15]

**KANYE**

**NOMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ngaphansi komnyango kwakunesikhadlana esifaka unyela lomoya ngoba kawufinyeleli ekugcineni ukuze kuvaleke ngqi. Umbayiyana uzigwazela ibhece nje kuThembekile.
Okwakumkhathaza kakhulu yila maqhubu awabona esikhumbeni sakhe. Wavele waqonda ukuthi yizimbungulu noma amazenze akade ezenzela ngenkathi esadakwe ubuthongo.
"Nkosi yami kodwa indawo enje bakithi? Ingabe ngempela uLetheni unesihluku ngale ndlela ukuthi angangivalela endlini enje?" UThembekile wayelokhu ekhuluma yedwa. Emqondweni wakhe kudlala amazwi kaLetheni. Wayesathuswe yilaba bantu akade ehamba nabo, ezibuza ukuthi uLetheni wabajwayela kanjani ngoba yizigelekeqe ubabhekile nje.
Okwakumudla ngaphakathi ukuthi njengoba kuthule, baphi laba abamfake kuyona lendlu? Wayephinde acabange ukuthi bangahle bamdlwengule laba bantu angabaziyo, angeke futhi abakhomba noma esethanda.
Akukho namunye umuntu oyokwazi ukuthi usebunzimeni obunjani. Empeleni uyabona ukuthi akayikudla izinyoni zabantabakhe. Lapha agcinwe khona naye uyabona ukuthi uyokomela othini njengentethe kanti, akukho muntu ongacabanga ukuzomfunela ngakhona. Okwesibili akazi nokuthi ukuphi, kayikho indlela yokulayela umuntu.
Uyazibuza ukuthi ubeqondeni uLetheni nxa ethi alibheke aligcine. Ingabe uzomnikela kula mankentshane akade ehamba nawo ukuba ambulale? Uyakhumbula ngenkathi ethi uyomgqiba emgodini kwathambo lakhe linganukwa nayikhala lenja. Wakubona wakubeletha dadewethu kababa. Isaga esithi unyawo lwabasha luyaphindana sesiqondene ngqo naye, kumficile ukuhlwa. "Ngeke ngizinikele, ngife ngingawubekile umyocu. Ngeke phela!", ekhuluma yedwa uThembekile. Asukume, athi gudlugudlu umnyango athole ukuthi kufakwe ingidi ngaphandle akukho ukubaleka. Ifasitela lincane ngendlela yokuthi ngeke kuphume ngisho ikati kulona. Empeleni yimbotshana nje elingene ukungena imisebe yelanga. Uthe esacabanga, kwaqhamuka elikhulu igundane ebona ngesichivolwane somlomo sivele ngekhala esibonakala maphakathi nokhethe,

Downloaded from Stanmorephysics.com

kanti inhliziyo kade isivele ibhakuza ngobukhwashakhwasha bamagundane. Heqe, uvalo ebona ukuthi ngeke akwazi ukulala endaweni enamagundane angaka? Esacabanga wezwa kukhwahlakhwahlaza emnyango. Kungene uLetheni ephethe ipuleti lokudla.

"Thatha, yidla! Kufanele wazi ukuthi lapha akukho muntu ozokwazi ukuthi ukuphi futhi ngeke ukwazi ukuphuma noma usuthanda. Yikhona-ke ukudla kwakho kwemihla ngemihla lokhu. Kuyashiwo s'thandwa sami ukuthi ithi ingahamba idle udaka," kusho uLetheni.

[Isahluko 10: 75-76]

4.1 Phawula ngesimo senhlalo esitholakala kulesi sigcawu. (2)
4.2 Obani laba uThembekile ababiza ngezigelekeqe? (2)
4.3 Phawula ngodweshu olutholakala kulesi sigcawu. (2)
4.4 Ngamaphuzu AMABILI xoxa ngokuholele ekutheni uThembekile azithole ekulobishi akulo. (2)
4.5 Uyazwelana nomlingiswa onguThembekile? Sekela impendulo yakho. (2)
[10]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

**AMAMAKI ESEWONKE: [35]**

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

| UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA IPHROJEKTHI YEBANGA LE-11 |
| --- |
| ITHEMU 3 |
| 2024 |

| UMHLOLI: S.E. MSANI | UMCUBUNGULI: C.M NGUBANE |
| --- | --- |

## ISIQEPHU A

### UMBUZO 1

### ISINGENISO

Ukukhethwa kwamagama singakuchaza njengamgama anembayo asetshenziswa imbongi ukwethula imizwa yayo. Isigqi sona siyisivinini sokuhaywa kwenkondlo, bese umoya usethulela isimo imbongi esuke ikuso uma ibhala inkondlo. Kulo mbhalo ngizofakazela isitatimende esithi kwesinye isikhathi kuyenzeka usebenze kanzima iminyaka kepha uma sekumele uhlomule uthole obungakulindele ngibhekise ekukhethweni kwamagama, isigqi kanye nomoya wenkondlo. **UMZIMBA**

**<u>Ukukhethwa kwamagama</u>**

**Ibinza loku-1:** Imbongi isebenzise amagama '***kuthiwa asiphume ngothi lwethu,' nalowo athi 'Siqond' emithonjeni yakwaNomfundo,'.*** Lapha imbongi ichaza ukuthi kunezincomo eziphuma emphakathini ezigqugquzela abesifazane ukuba bavuke bazithathe baye ezikoleni basebenze kanzima ukuze bathole ukuqasheka.

**Ibinza lesi-2:** Kuleli binza imbongi isebenzise amagama athi '***sidla umhlanganiso,'kukikize omame, kuhhomuzele amadoda,'.*** Imbongi iqonde ukuthi emva kweminyaka besebenza kanzima bezikhandla, ekugcineni bayitholile impumelelo bathweswa iziqu zakwaNgqondonkulu kwajabula abanye besifazane. Kunokuba abesilisa bajabule bona kuvela obekungalindelekile kwazise bakhombisa ukuphoxeka ngalokhu.

**Ibinza lesi-3:** Kuleli binza imbongi isebenzise amagama ***'sikhaliphe njengameva, ziconse amathe, kodwa sifanelwe ukuqala kuzo,'.*** Lapha imbongi iveza ukuthi emva kokuthweswa kwabesifazane iziqu ngolwazi abaluzuzile bake bathi uma beyofesa bahlangane nababengakulindele lapho amadoda angabaqashi evukwa khona inkanuko afune ukuqala alale nabo ngaphambi kokuba abaqashe.

**<u>Isigqi nomoya</u>**

Isigqi sale nkondlo siyacothoza. Lokhu kubangelwa umoya wokukhathazeka. Imbongi ikhathazwa abesifazane abafike bafunde kanzima, uma sekumele baqasheke baphoqelelwe ukuba banikele ngemizimba yabo kubaqashi abakhohlakele. Imbongi ifisa ukwazi ukuthi kuyoze kube nini abantu besifazane kumele banikele ngegugu labo ukuze baqasheke emva kokufunda kanzima.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIPHETHO**

Imbongi iphumelele kahle ukukhetha amagama anembayo, isigqi esicothozayo kanye nomoya wokukhathazeka ukwethula umyalezo obalulwe esingenisweni. **[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

2.1 Ulwandle. √ (1)

2.2 (i) Okungenamilenze nandleb'okungenampondo. √

(ii) Okupheshezay'okupulukutshelayo. √ (2)

2.3 Imvumelwano maphakathi. √ (1)

2.4 Isizura etholakala emgqeni wama-25 isetshenziselwe ukukhombisa ukubala izinto ezingenziwa ulwandle √,esemgqeni wama-29 isetshenziselwe ukukhomba ukuphumula. √ (2)

2.5 Umoya wokuncoma/wokuhalalisa. √Imbongi income ulwandle ngokuthi luyakwazi ukondla abantu lungabhekwe kubongwa nakuqhakanjiswa ngalokho. √ (2)

2.6 Ngiyavumelana, ngoba ngaphandle kolwandle kungafa izinhlansi, izilwane eziyingozi zasolwandle zisale obala, nemikhumbi ingakwazi ukuhamba. Konke lokhu nokunye kungathikameza ukuphila. √√ (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B**

**UMBUZO 3**

**ISINGENISO**

Isaga esithi akukho qili lazikhotha emhlane sisho ukuthi kukho konke umuntu angakwenza ngasese kugcina kuphumele obala. Kulo mbhalo ngizofakazela lesi saga ngibhekise kubo bonke abalingiswa abathintekayo enovelini esihloko sithi Zihlangene Phezulu.

**UMZIMBA**

**NANKA AMANYE AMAPHUZU UMFUNDI ANGASEKELA NGAWO:**

- UThuthukani uphika isisu sikaThembekile ujika uyazisola futhi uma sebehlangana impinda emcimbini wenkampani iVukuzakhe.
- Emva kokuphika uThembekile, uThuthukani uqhubeka noLetheni bayashada. Izinyembezi zikaThembekile aziweli phansi umvundla ziwunqanda phambili kuThuthukani uphelelwa umsebenzi, udelelwa umfazi, umshiya nezikweletu, uyamdivosa.
- Ziyalunga izinto phakathi kukaThuthukani noThembekile. UThembekile umzela nobuqili bokuzodla imali yakhe njengendlela yokuziphindiselela, kubuya uLetheni uzoqhumbusa ithumbu ngakuhlosile.
- ULetheni ushiye indoda wayedelela, maqede uzithola eseboshwa eKorea eboshelwa ukufumbathiswa uThembekile izidakamizwa.
- ULetheni ushiya indoda emthandayo ubhuza nabangani ugcina esezithola esephoqwa ekhonjwe ngesibhamu ukuthi ayidivose.
- UThembekile ubophisa uLetheni ujika uzithola eselimala esenasemathubeni okuboshwa emva kokuhlonzwa njengohlele ukuqola imali kaThuthukani.
- ULetheni owalaxaza uThuthukani uzithola esengumhambuma ekuphumeni kwakhe ejele engasenalutho.
- USpikes ungena ezidakamizweni ufaka nentombi yakhe, ujika ulahlekelwa ikhaya emva kokuba efunwa ikhehla ngesibhamu.
- URazor uthumba uThembekile, ugcina ngokudutshulwa amaphoyisa uyafa. • UMaThabethe untshontsha ingane, ekugcineni kuyavela ngenkathi uzithola esesemathubeni okuboshwa ngenkathi ehlangana noLetheni impinda.
- UThuthukani uphika uSiphesihle ujika uzithola engasabi nabo abantwana uLetheni uzalela phansi okwenyamazane.

Downloaded from Stanmorephysics.com

- UMaThabethe ubambisa uMsimude ibhantshi, ekugcineni uyabanjwa ukuthi lo Madoda athi owaMsimude owokwebiwa.
- USpikes uthumba udadewabo uThembekile uyamhlukumeza, ugcina ngokulimala futhi usemathubeni okuboshwa.

(Namanye amaphuzu anembayo nasekeleke kahle). **ISIPHETHO**

- Umfundi ulindeleke ukuba agoqe amaphuzu ngomusho owodwa.
- Umbono/Isixwayiso/Isifundo. **[15]**

**UMBUZO 4**

4.1 Isimo senhlalo sibi √, ngoba sithola uThembekile ethunjiwe ehlezi endlini esabekayo. √ (2)

4.2 URazor √ noSpikes. √ (2)

4.3 Udweshu lwangaphakathi √. Siluthola kuThembekile ekhuluma yedwa edlinza ngesimo sokuthunjelwa endaweni esabekayo abhekene naso. √(2)

4.4 (i) ULetheni uphume ejele eKorea wabuyela emzini kaThuthukani lapho befike babanjwa khona uThembekile beseshaweni noThuthukani. √
(ii) UThuthukani uxoshe uLetheni wathi esendleleni wahlangana noThembekile ethi uya eThekwini wamthumba. √ (2)

4.5 Yebo, ngoba impela wamzwisa uLetheni ubuhlungu kepha naye wabe enziwa amagqubu ayenawo ngoThuthukani owamkhulelisa wamphika, OKANYE, Cha, ngoba naye uThembekile wahlukumeza uLetheni wambophisa ngokumfakela izidakamizwa, ngakho-ke uzenzile akakhalelwa. (Nezinye izimpendulo ezinembayo). √√ (2)

**[10]**

**[35]**